Isifundo 2

**3–9 Mbaso*

Isisunguli SesiVumelwano

ISABATHA NTAMBAMA

Funda Kuleliviki:
Gen. 9:15; Isa. 54:9; Gen. 12:1–3, Gal. 3:6–9, 29; Eksod. 6:1–8; Jer. 31:33, 34.

Indimana Yekhanda:
"Kalokhu, uma nilalela nokulalela izwi lami, nigcine isivumelwano sami, niyakuba yigugu kimi kunabo bonke abantu: ngokuba wonke umhlaba ngowami" *(Eksodusi 19:5)*.

Ngeviki eledlule sigcine ngokuwa kwesintu, ngenxa yokona kwabazali bethu bokuqala. leliviki yisiqoqo esisheshayo sesifundo sekota yonke, lapho sithatha usuku ngalunye sibuka izivumelwano zokuqala. zona lezo, ngokwazo, zethula amaqiniso esivumelwano seqiniso, leso esaqiniswa eKhalivari ngegazi likaJesu, leso thina, njengamaKrsitu, esingena kuso neNkosi yethu. Siqala ngesivumelwano uNkulunkulu asenza noNowa ukumvikela yena nomndeni wakhe ekubhubheni. siqhubekele esivumelwaneni noAbrahama, esinothile futhi sigcwele isithembiso sethu sonke; bese sibheka isivumelwano eSinayi kanye nokubaluleka kwalokho okwamenyezelwa khona; kuthi ekugcineni sibuke isivumelwano esisha, leso zonke ezinye ezazikhomba kuso. zonke lezi, nembala, zizofundwa ngokudephile kumaviki ambalwa alandelayo. leliviki ngukulunguza nje.

Ukubuka Iviki: Igama elithi isivumelwano lichazani na? Yiziphi izithako ezakha isivumelwano na? Yisiphi isivumelwano uNkulunkulu asenza noNowa na? Themba lini elalitholakala esivumelwaneni noAbrahama na? Iyiphi indima ukholo nemisebenzi eyidlala ngekwesintu kwisivumelwano na? Ngabe isivumelwano siyintengo, noma ngabe sinezithako zobudlelwane kuso na? Yini ingqikithi "yesivumelwano esisha" na?

**Study this week's lesson to prepare for Sabbath, Mbaso 10.*

Izisekelo ZesiVumelwano

"Ngiyakwenza isivumelwano sami phakathi kwami nawe, futhi ngikwandise kakhulu" (Gen. 17:2). "Igama lesiHeberu elihunyushwe njenge 'sivumelwano' (liqhamuka cishe izikhathi ezingu-287 kwiTestamente Elidala) ngu-berith. lingahunyushwa futhi nje 'ngobufakazi' noma 'isifiso sokugcina.' Imvelaphi yalo ayicacile kahle, kodwa selichaza "lokho okuboshelwe yizigaba ezimbili. lalisetshenziswa, nokho, ezinhlobeni eziningi 'zezibopho,' phakathi kwabantu naphakathi kwabantu noNkulunkulu. linokusetshenziswa okuvamile lapho amaqembu amabili kungabesilisa, futhi ngokugqmile kwezenkolo lapho isivumelwano siphakathi kukaNkulunkulu nomuntu. ukusetshenziswa ngokwezenkolo ngempela kwakuyisingathekiso esimi ekusetshenzisweni okuvamile kodwa kunencazelo ejulile."—J. Arthur Thompson, "Covenant (OT)," *The International Standard Bible Encyclopedia,* revised edition (Grand Rapids, MI: William B. Eerdmans Publishing Company, 1979), vol. 1, p. 790. njengesivumelwano somshado, isivumelwano seZibhalo sichaza kokubili Ubudlelwane kanye nokuhleleka. njengenhlelo, isivumelwano seZibhalo siqukethe lezizithako eziyisisekelo:

1. UNkulunkulu uqinisa izithembiso zesivumelwano ngesifungo (Gal. 3:16; Heb. 6:13, 17).
2. Isibopho sesivumelwano kwakungukulalela intando kaNkulunkulu njengalokhu yethulwe kwiMithetho Elishumi (Deut. 4:13).
3. Indlela isibopho sesivumelwano sikaNkulunkulu esifezeka ngayo ekugcineni ingoKristu kanye necebo losindiso (Isa. 42:1, 6).

Buka lezizithako ezintathu ezibalwe ngenhla (izithembiso zikaNkulunkulu, ukulalela kwethu, kanye necebo losindiso). ungazibona kanjani zisebenza ekuhambeni kwakho neNkosi na? Bhala phansi isigaba esichaza indlela ezibonakala ngayo empilweni yakho njengamanje.

KwiTestamente Elidala, uhlelo lwemihlatshelo lwalufundisa abantu mayelana necebo lonke losindiso. ngezimpawu zalo, izingqalabutho noIsrayeli bafunda ukusebenzisa ukholo kuMsindiso ozayo. Ngemikhuba yalo, oguqukayo wayethola Intethelelo kanye nokukhululwa ecaleni. Izibusiso zesivumelwano zazigcineka, futhi ukukhula kwezikamoya—ukubuyiselwa komfanekiso kaNkulunkulu empilweni—kwakungaqhubeka, nalapho isintu sehlulekile ukugcina olwaso uhlangothi.

Nakuba kunezivumelwano ezenziwe phakathi kwabantu, ukusetshenziswa okuphambili kwegama u-berith eBhayibhelini lesiHeberu kubhekene nobudlelwane phakathi kukaNkulunkulu nesintu. Ngokubona ukuthi uNkulunkulu ungubani nokuthi singobani uma siqhathaniswa Naye, lesivumelwano singabonisa nhloboni yobudlelwane na?

Isivumelwano NoNowa

"Kepha ngiyakumisa isivumelwano sami nawe; futhi uyakungena emkhunjini, wena, namadodana akho, kanye nomkakho, nabafazi bamadodana akho bekanye nawe" (Gen. 6:18). Kwindimana engenhla igama isivumelwano liqhamuka okokuqala eBhayibhelini, futhi, kulengqikithi, uNkulunkulu usanda kutshela uNowa ngesinqumo Sakhe sokubhubhisa umhlaba ngenxa yobubanzi kanye nokuqhubeka kwesono. Nakuba lokhu kubhubhisa kuzoza ngoZamcolo womhlaba wonke, uNkulunkulu akawulahli umhlaba awudalile. Uqhubeka nokunikeza isivumelwano sobudlelwane ayesinikeze ekuqaleni ngemuva kokuwa. "UngiNguye" ongcwele onikeza isivumelwano nguYena isisekelo sokuvikeleka kukaNowa. NjengoNkulunkulu ogcina isivumelwano, iNkosi yathembisa ukuvikela amalungu omndeni ayezimisele Ukuphila kubudlelwane bokuzinikela kanye Naye, omphumela waso kwakungukulalela.

Ngabe lesisivumelwano noNowa sasibheke uhlangothi olulodwa na? Khumbula ukuthi umqondo wesivumelwano ugudla ukuthi akayedwa okuso. Ngabe uNowa kukhona naye okwakumele akwenze na? Yisiphi isifundo esisithola ezimpendulweni zalemibuzo na?

UNkulunkulu utshela uNowa ukuthi kuzoba nozamcolo futhi umhlaba uzobhujiswa. UNkulunkulu wenza isivumelwano naye, kuso athembisa Ukusindisa uNowa nomndeni wakhe. Ngalokho, ingozi inkulu kakhulu, ngoba uma uNkulunkulu engazange agcine olwakhe uhlangothi, noma yini uNowa ayengayenza, wayezobhubha nomhlaba. UNkulunkulu wathi uzokwenza "isivumelwano" noNowa. Igama ngokwalo ligudla inhloso yokuhlonipha lokho othi uzokwenza. Akusona nje isisho sehlaya. Igama ngokwalo liza liqukethe ukuzinikela. Akesithi iNkosi yayithe kuNowa, "Buka, umhlaba uzophela ngozamcolo omkhulu, futhi ngingase ngikusindise, noma ngingakusindisi. Okwamanje, yenza lokhu nalokhu nalokhuya, siyobe sesibona ukuthi kwenzekani, kodwa angiqinisekisi ngalutho." Izisho ezinje azizi nesiqiniseko nesithembiso esitholakala kwigama isivumelwano.

Abanye abantu baphikisa ukuthi uzamcolo kaNowa wawungewona kazwelonke kodwa wawusendaweni ethile kuphela. Uma kunjalo, kwingqikithi yalokho uNkulunkulu akwethembisa kuGenesisi 9:15 (buka no Isa. 54:9), sonke isikhathi kuba nozamcolo endaweni (futhi kubukeka kwenzeka sonke isikhathi), isithembiso sesivumelwano sikaNkulunkulu siyaphuka. Ngokumelene, ukuthi akuzange kubekhona Omunye uzamcolo kazwelonke kuqinisekisa ubuqiniso besithembiso sesivumelwano sikaNkulunkulu. Kafushane, lokhu kusitshelani mayelana nendlela esingazethemba ngayo izithembiso Zakhe na?

Isivumelwano NoAbram

"Futhi ngiyakubabusisa abakubusisayo, ngibaqalekise abakuqalekisayo: futhi kuwe yonke imindeni yomhlaba iyakubusiswa" (Gen. 12:3). Funda uGenesisi 12:1–3. Yenza uhla lwezithembiso uNkulunkulu azenza kuAbram.

Qaphela ukuth phakathi kwalezizithembiso uNkulunkulu uthi kuAbram "kuwe yonke imindeni yomhlaba iyakubusiswa" (Gen. 12:3). Kuchaza ukuthini lokhu na? Imindeni yonke yomhlaba yabusiswa kanjani kuAbram na? Buka abaseGalathiya 3:6-9. Yiziphi izindlela obona ngazo kulesisithembiso esingaphambilini isithembiso sikaJesu uMesiya na? Bheka uGal. 3:29.

Kulokhu, kwisambulo sokuqala kuAbram esilotshiwe, uNkulunkulu wathembisa ukuba nobudlelwane obusondelene nobaphakade kanye naye, nangaphambi kokuba asebenzise noma yiluphi ulimi olukhuluma ngokwenza isivumelwano. Izinkomba ezibhekisa esivumelwaneni uNkulunkulu ayezosenza kamuva Gen. 15:4–21, Gen. 17:1–14). Okwamanje, uNkulunkulu unikeza Ubudlelwane bobuNkulunkulu nesintu ukubaluleka okukhulu. "Ungizo" ophindaphindiwe kuGenesisi 12:1-3 uncoma ukudepha kanye nobukhulu besipho nesithembiso sikaNkulunkulu. Ngaphezu kwalokho, uAbram wamukela umyalelo owodwa, kodwa ovivinyayo, "Hamba." Walalela Ngokholo (Heb. 11:8) kepha engenzeli ukuba kufezeke izibusiso ezithenjisiwe. Ukulalela kwakhe kwakungukusabela kokholo lwakhe ebudlelwaneni bothando, uNkulunkulu ayefisa ukubusungula. Ngamanye amazwi, uAbram wayesekholwa kuNkulunkulu, esemethemba uNkulunkulu, esekholelwa ezithembisweni zikaNkulunkulu. Kwakufanele; Kungenjalo, wayengeke ashiye izwe lakubo nelokhokho aye ezindaweni ezingaziwa. Ukulalela kwakhe kwembula ukholo lwakhe kubantu nakwizingelosi. UAbram, nangalesosikhathi, wembula Ubudlelwane obusemqoka obuphakathi kokholo nemisebenzi. Sisindiswa ngokukholwa, ukukholwa okunemiphumela yemisebenzi yokulalela. Isithembiso sosindiso siza kuqala; imisebenzi iyalandela. Nakuba kungeke kwabakhona Ubudlelwane besivumelwano kanye nesibusiso ngaphandle kokulalela, lokho kulalela kungukusabela kokholo kulokhu uNkulunkulu asekwenzile. Ukholo olunjalo luveza Isimiso esiku-1 Johane 4:19, "Sithanda yena [uNkulunkulu], ngoba wasithanda kuqala."

Funda uGenesisi 15:6. Isiveza kanjani, ngezindlela eziningi isisekelo sazo zonke izithembiso zesivumelwano na? Kungani lesisibusiso siyigugu kunazo zonke na?

Isivumelwano NoMose

Funda uEksodusi 6:1-8 bese uphendula lemibuzo:

1. Wayekhuluma ngasiphi isivumelwano na? buka uGen. 12:1–3.

2. Ukufuduka kwakuzoba kanjani yisifezekiso, ngakuYena, ksezithembiso zesivumelwano na?

3. Yikuphi ukuhambisana ongakuthola phakathi kwalokho uNkulunkulu akuthembisa abantu lapha kanye nalokho akuthembisa uNowa ngaphambi kukaZamcolo na?

Ngemuva koKufuduka, abantwana bakwaIsrayeli bamukela isivumelwano eSinayi, esanikezwa kwingqikithi yokusindiswa ebugqilini (Eksod. 20:2) futhi siqukethe imihlinzeko kaNkulunkulu yemihlatshelo yokubuyisana nokuxolelwa kwesono. Ngalokho, njengazo zonke, kwakuyisivumelwano somusa, umusa kaNkulunkulu welulelwe kubantu Bakhe. Lesisivumelwano sasiphinda, ngezindlela eziningi, izinto ezigcizelelwe kwisvumelwano noAbrahama:

1. Ubudlelwane obukhethekile bukaNkulunkulu nabantu Bakhe (qhathanisa uGen. 17:7, 8 no Exod. 19:5, 6).
2. Babeyoba yisizwe esikhulu (qhathanisa uGen. 12:2 no Exod. 19:6).
3. Ukulalela kwakudingekile (qhathanisa uGen. 17:9–14; Gen. 22:16–18 no Exod. 19:5).

"Qaphela uhlelo lapha: iNkosi iqala ngokuhlenga uIsrayeli, bese ibanikeza umthetho wayo ukuba bawugcine. Uhlelo olufanayo nakwivangeli. UKristu uqala ngokuhlenga esonweni (buka uJohane 1:29; 1 Kor. 15:3; Gal. 1:4), bese ephila ngaphakathi kithi ngomthetho Wakhe (Gal. 2:20; Rom. 4:25; 8:1–3; 1 Petro 2:24)."–*The SDA Bible Commentary*, vol. 1, p. 602.

Funda uEksodusi 6:7. Yikuphi okukodwa okuqhamuka esigabeni sokuqala, lapho iNkosi ithi bayoba ngabantu Bayo Yona ibe nguNkulunkulu wabo na? Qaphela izihloko lapho. Bayoba wutho kuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uyoba wutho kubo. UNkulunkulu akafuni nje ukuzwana nabo ngendlela ekhethekile; ufuna bona bazwane Naye ngendlela ekhethekile, ngokunjalo. INkosi ayifuni yini Ubudlelwane obufanayo kanye nathi namuhla na? Ngabe isigaba sokuqala sikaEksodusi 6:7 siveza Ubudlelwane bakho noJehovah, noma ungothile nje ogama lakhe lisezincwadini zebandla kuphela na?

Isivumelwano Esisha (Jer. 31:31–33)

Lezizahluko ngezokuqala kwiTestamente Elidala ezibalula lokho okuthiwa "yisivumelwano esisha." Sifakwe kwingqikithi yokubuya ekudingisweni kukaIsrayeli, futhi sikhuluma ngezibusiso abazozamukela kuNkulunkulu. Futhi, njengakuzo zonke ezinye, nguNkulunkulu osungula lesisivumelwano, futhi nguNkulunkulu ozosifeza ngomusa Wakhe. Qaphela, futhi, ulimi lapho. UNkulunkulu wabhekisa kuYena njengomyeni kubo; wakhuluma ngokuloba umthetho Wakhe ezinhliziyweni zabo; futhi esebenzisa ulimi lwesivumelwano sikaAbrahama, uthi uyakuba nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu Bakhe. Ngalokho, njengaphambilini, isivumelwano akusona nje isibopho somthetho, njengasezinkatolo zomthetho namuhla, kepha sibhekana nokungaphezulu.

Funda uJeremiya 31:33. Qhathanisa noEksodusi 6:7, onikeza imininingwane ethile ngesivumelwano noIsrayeli. Futhi, yisiphi isithako esiphambili esivela lapha na? UNkulunkulu ufunani ngabantu Bakhe na?

Funda uJeremiya 31:34. Qhathanisa lokho okushiwo lapho kanye noJohane 17:3. Yini into ephambili uJehovah ayenzayo eyakha isisekelo salobubudlelwane na?

KuJeremiya 31:31-34, izithako zakho kokubili umusa nokulalela ziyabonakala, njengakwizivumelwano ezingaphambilini, ngokunjalo. UNkulunkulu uyothethelela izono zabo, uNkulunkulu uyoba nobudlelwane nabo, futhi uNkulunkulu uyothela umusa Wakhe ezimpilweni zabo. Ngenxa yalokho, abantu bavele bamlalele; hhayi ngendlela ebuyekeziwe, nengenangqondo kepha ngenxa nje yokuthi bayamazi Yena, bayamthanda Yena, futhi bafuna Ukukhonza Yena. Lokhu kuveza umongo wesivumelwano sobudlelwane uJehovah asifuna nabantu Bakhe.

Uwuqonda kanjani lomcabango womthetho olotshwe ezinhliziyweni zethu na? Ngabe ugudla ukuthi umthetho uba yinto yomuntu ngamunye, engahumushwa ngokomuntu na? Noma ngabe ichaza okunye na? Uma kunjalo, ini na?

Cabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, "Abraham in Canaan," pp. 132–138, in *Patriarchs and Prophets;* "The Prophets of God Helping Them," pp. 569–571, in *Prophets and Kings*. "Ijoka elibophela ekukhonzeni ngumthetho kaNkulunkulu. Umthetho omkhulu wothando owembulwa eEdene, wamemezelwa eSinayi, futhi ngaphansi kwesivumelwano esisha walotshwa enhliziyweni, yiwona obophela isisebenzi entandweni kaNkulunkulu. Uma besingayekelwa silandele izinkanuko zethu, siye lapho intando yethu isiholela khona, besiyowela endaweni kaSathane futhi sibe nezimpawu zakhe. ngalokho, uNkulunkulu usigcina entandweni Yakhe, ephakeme, futhi ehloniphekile, futhi ephakamisayo. Ufisa ukuthi ngokubekezela nangobuhlakani siyothatha imisebenzi yokukhonza. Ijoka lokusebenza uKristu Uqobo ulithwalile engumuntu. Wathi, 'Ngiyathanda ukwenza intando Yakho, Nkulunkulu Wami: yebo, umthetho Wakho usenhliziyweni Yami.' Hub. 40:8. 'Ngehle ezulwini, kungengukuba ngenze intando Yami, kepha intando Yakhe ongithumile Mina.' Johane 6:38. Ukuthanda uNkulunkulu, ukushisekela inkazimulo Yakhe, kanye nokuthanda isintu esiwileyo, kwaletha uJesu emhlabeni ukuzohlupheka futhi afe. Lokhu kwakuyikona okwakulawula impilo Yakhe. Lesisimiso yisona afuna sisithathe."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, pp. 329, 330.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Ngabe isivumelwano sikaNkulunkulu noNowa, Abram, Mose, kanye nathi siqhuba isivumelwano Sakhe noAdamu, noma sasiyinto entsha na? Qhathanisa uGen. 3:15; Gen. 22:18; no Gal. 3:8, 16.

2. Kungani isigaba sobudlelwane sesivumelwano sibalulekile na? Ngamanye amazwi, ungaba Nesivumelwano esibophezela ngokomthetho nothile, ngaphandle kobudlelwane obusondelene. Uhlelo olunjalo, nokho, aluyona into uJehovah ayifuna esivumelwaneni sobudlelwane nabantu Bakhe. Kungani kunjalo na? Xoxisanani.

3. Kungaziphi izindlela umshado uyisibonelo esihle sesivumelwano na? Kungaziphi izindlela lesisibonelo somshado esisilela ngazo ekuchazeni isivumelwano na?

Isiqoqo: Ukungena kwesono kwahliphiza Ubudlelwane uMdali ayebusungule ekuqaleni nesintu ngabazali bethu bokuqala. Manje uNkulunkulu ufuna ukusungula kabusha lobobudlelwane bothando ngokusebenzisa isivumelwano. Lesisivumelwano simele Ubudlelwane bokuzinikela phakathi kukaNkulunkulu kanye nathi (njengesibopho somshado) futhi njengohlelo lokusisindisa nokusiletha ekuzwaneni noMenzi waso. UNkulunkulu ngoKwakhe, eqhutshwa wuthando Lwakhe olukhulu ngathi, nguMsunguli wesivumelwano sobudlelwane. Ngezithembiso zesihe kanye nezenzo zomusa, uyasiheha ukuba sibemunye Naye.